www.XtremePapers.com

UNIVERSITY OF CAMBRIDGE INTERNATIONAL EXAMINATIONS
International General Certificate of Secondary Education

CANDIDATE NAME

CENTRE NUMBER

CANDIDATE NUMBER

*0059896834*

**ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE** **0531/01**

Paper 1 Reading and Writing **October/November 2012**

**2 hours**

Candidates answer on the Question Paper.

Additional Materials: No additional materials are required.

**READ THESE INSTRUCTIONS FIRST**

Write your Centre number, candidate number and name on all the work you hand in.
Write in dark blue or black pen.
Do **not** use staples, paper clips, highlighters, glue or correction fluid.
DO **NOT** WRITE IN ANY BARCODES.

Answer **all** questions.

At the end of the examination, fasten all your work securely together.
The number of marks is given in brackets [ ] at the end of each question or part question.

**For Examiner's Use**

This document consists of **15** printed pages and **1** blank page.

DC (CW) 65467/2
© UCLES 2012

UNIVERSITY of CAMBRIDGE International Examinations

**Umsebenzi 1**



Lo mbhalo uqondiswe ezivakashini nakubantu baseBloemfontein abathanda izilwane. Wufunde bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

Uma ufuna into ongayenza eBloemfontein nomndeni wakho ukuchitha isizungu, vakashela iZoo yaseBloemfontein. Indawo yezilwane ezehlukene futhi ezimangalisayo. Le Zoo ingezinye zezindawo ezithandwa kakhulu ngabavakashi abeza lapha eBloemfontein. Ungazihambela khona ubuke konke okuhle noma uthole indawo yokwenza ipikiniki nomndeni wakho khona ngaphakathi. Le ndawo ilungele wonke umuntu emndenini.

Le Zoo yavulwa ngonyaka ka1920 futhi yaziwa kakhulu ngezinhlobo eziningi zezinkawu. Iphinde ibe yikhaya lezilwane ezinkulu ezinhlanu ezitholakala lapha e-Afrika. Ngaphezu kwalokho, kukhona amathayiga, izimvubu, izinyamazane kanye nezingwe.

Le zoo ingama-hecta angu-15 ubukhulu kanti inezilwane ezingaphezu kwa 65 kanye nezinyoni ezinhlobonhlobo. Ukuza kule zoo kukunika ithuba lokubona eduze izilwane zalapha e-Afrika kanye nezinye ezingajwayelekile. Le zoo iphinde ivikele futhi inakekele lezo zilwane ezisebungozini.

Ziningi ngempela izilwane ongazibona kule zoo lapho uzihambela khona, kusukela ekuboneni indlovu kuze kufike ezinhlotsheni ezehlukene zezingwe kanye nezinyoni ezinemibala eminingi nemihle. Ezinye zezinto ezihlukile ngale zoo ukuthi uyakwazi ukulala khona ubone ukuthi izilwane zenzani ebusuku. Yonke imali engena lapha isetshenziselwa ukuthuthukisa iZoo.

*For Examiner's Use*

**(a)** Lesi sikhangiso sibhekiswe kobani ngempela?

.............................................................................................................................. [1]

**(b)** Yiziphi izinto ongazenza kule zoo? Nikeza okubili.

..............................................................................................................................

.............................................................................................................................. [2]

**(c)** Idume ngani le zoo?

.............................................................................................................................. [1]

**(d)** Sazi ngani ukuthi le zoo inendaba nezilwane?

.............................................................................................................................. [1]

**(e)** Ihluke ngani le zoo kunamanye?

.............................................................................................................................. [1]

**(f)** Yini into engajwayelekile ongakwazi ukuyenza kule zoo?

.............................................................................................................................. [1]

**(g)** Yenza ngani ukuthi ihlale ikhona futhi isebenza le zoo?

.............................................................................................................................. [1]

[Amamaki: 8]

For Examiner's Use

**Umsebenzi 2**

USibuyiselwe ubona lesi sikhangiso.

ULindani Mazibuko uyakuthanda kakhulu ukudoba izinhlanzi. Uneminyaka eyi 16, futhi ungomunye wabadobi asebezenzele igama eMozambique. Ujwayele ukudoba nobaba wakhe emincintiswaneni yokudoba. Bahlala enhlokodolobha eMaputo, kunombolo 144 Kenneth Kaunda Avenue. Abanalo ucingo ekhaya, kodwa yena unalo ikheli le-imeyli elithi lm@yebonet.co.mz futhi uyawabheka ama-imeyli akhe zonke izinsuku.

ULindani uyakuthanda ukukhempa nokuvakashela iziqiwu zezilwane kodwa akawathandi kakhulu amahhotela. Usengenele imincintiswano emibili nobaba wakhe esikhathini esingaphambili. Uthi ukudoba kumnandi futhi kumfundisa ukuba nesineke.

ULindani uzwe emsakazweni kukhulunywa ngomncintiswano wokudoba ozoba seMatemo Island, eMozambicue. Kuzoba khona izigaba ezihlukile kulo mncintiswano, esokuqala esalabo abadoba ngabodwa bese kuba khona nalabo abahamba ngababili (okujwayele ukungenelwa ngobaba namadodana). Lo mncintiswano uzothatha izinsuku ezintathu kodwa labo abawungenele bavunyelwe ukufika ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokuqala ukuze bazilungiselele kahle. ULindani nobaba wakhe bona bangakwazi ukufika ngosuku olulodwa ngaphambi komncintiswano. Labo abazongenela lo mncintiswano bangafika namatende abo uma befuna ukuhla kuwona mahhala, kodwa labo abathanda ukuhlala ehhotela kumele bakhokhe imali ethe xaxa ukuze bona babhukhelwe khona.

Ngenxa yobuncane bendawo, abazongenela lo mncintiswano bavumelekile ukuba kube khona abantu abahlanu kuphela abangeza ukuzobabukela. ULindani uzomema umama wakhe kanye nabangane bakhe ababili uSipho noGeorge.

**Zicabange unguLindani futhi ugcwalisa leli fomu.**

**Umsebenzi 3**

For Examiner's Use

Funda le nkulumo elandelayo emayelana nokubaluleka kwamanzi emizimbeni yethu, bese wenza umzebenzi olandelayo.

**Ukubaluleka kwamanzi**

Ngiyazi ukuthi senikuzwe kaningi ukuthi amanzi alungele ukunciphisa isisindo somzimba, ukwenza umzimba usebenze ngendlela, kumelele uphuze izingilazi eziyi-8 zamanzi ngosuku. Kodwa ingabe abaluleke kangako ngempela yini amanzi? Yimaphi amasu ongawasebenzisa ukukhulisa isikalo samanzi owaphuzayo?

Amanzi abaluleke ngempela ngoba ingxenye eningi yomzimba wakho igcwele amanzi. Zonke izitho zomzimba zithembele emanzini ukuze zisebenze ngendlela. Amanzi angumsuka walo lonke uketshezi lomzimba, kubalwa igazi kanye namathe, asize nasekukhipheni ukungcola emzimbeni. Imizimba yethu ilahlekelwa izinkomishi eziyi-10 (amalitha angu-2,5) zamanzi ngosuku ngokujuluka, ngokuphefumula nokukhipha ukungcola. Yingakho nje kubalulekile ukuwagcwalisa futhi. Uma ungakwenzi lokhu, umthelela oba semzimbeni wakho ubonakala ngokushesha.

Ubuchopho bakhiwe ngamaphesenti angama-85 amanzi. Uma ungaphuzi amanzi anele, amandla asebuchosheni ayancipha. Ucwaningo luveze ukuthi abantu abangaphuzi amanzi ngokwanele bangaphathwa yikhanda ngenxa yokunyuka kwezinga lokushisa. Amanzi ayasiza ukulawula izinga lokushisa komzimba wakho. Abanye baba nemfiva baze baphume igazi ngamakhala.

Amalunga omzimba nawo ayawandinga amanzi ukuze akwazi ukunyakaza kahle. Ukungabi namanzi anele emzimbeni kungaholela ukuthi amalunga angahlangani kahle bese umuntu ephathwa yisifo samathambo. Ziningi ezinye izifo ezingakuhlasela kalula ngenxa yokuswela amanzi emzimbeni wakho. Izinzipho zakho zingaphuka kalula. Isikhumba sakho singavela amaqhubu futhi some siqine.

Nakhu ongakwenza: Zijwayeze ukuphatha ibhodlela lamanzi njalo uma uhamba. Ukugcina ibhodlela elincane esikhwameni sakho kungakusiza ngoba uma womile kuzoba yinto yokuqala oyiphuzayo. Zama ukugwema iziphuzo ezine-caffine ngoba yenza umzimba wakho ukhiphe amanzi amaningi. Zama ukudla ukudla okunamanzi njengamasobho, izithelo namaveji. Ungaphuza itiye lamaherbs noma ijusi yezithelo ehlanganiswa namanzi. Uma ungumuntu ochitha isikhathi esiningi endaweni eyodwa njengasekhompyutheni, gcina ingilazi yamanzi eduzane. Ikhofi kanye notshwala kona kukwenza uchame njalo lokhu okukulahlekelisa ngamanzi.

Uzokwethula inkulumo eklasini lakho ngaphansi kwesihloko esithi: **amanzi emzimbeni yethu**. Ukhethe ukusebenzisa ulwazi oluthole kulesi siqephu osifundile enkulumeni yakho.

© UCLES 2012

For Examiner's Use

**Umsebenzi 4**

Sebenzisa umbhalo ongenhla ukubhala ngokufingqiwe uveze ubungozi bokushoda kwamanzi emzimbeni yethu nalokho okungenziwa ukuvikela lokhu.

Umbhalo wakho ofingqiwe kumele uveze amaphuzu abalulekile kuphela futhi ube namagama angeqile **kwangama-80**.

Ungawasebenzisa namanye amanothi ozenzele wona kumsebenzi 3.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

[Amamaki: 5]

© UCLES 2012

For Examiner's Use

**Umsebenzi 5**

Wena nomndeni wakho benithathe iholide, navakashela indawo enhle. Nibe nesikhathi esimnandi kakhulu futhi kuningi enikwenzile njengomndeni ukuzithokozisa. Bhalela umngane wakho incwadi umxoxela ngohambo lwenu.

Chazela umngane wakho ngohambo lwenu nokuthi kunithathe isikhathi esengakanani ukuthi nifike khona:

- Uhambo, indawo beyinjani kanye nesimo sezulu
- Izinto ozithande kakhulu ngale ndawo nezizathu
- Izizathu ezingenza ukuthi naye ayithande le ndawo uma engathola ithuba lokuyivakashela.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama ayi **150–200** ubude.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

© UCLES 2012

**Umsebenzi 6**

For Examiner's Use

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo.

Amaselula aseyishintshile kakhulu impilo. Kuqala kwakuthatha izinsuku eziningi ukuba uthumele umyalezo kubantu ababehlala kude nawe, kodwa namuhla sekungakuthatha nje isikhathi esingaphansi komzuzu. Ngamafuphi, singathi amaselula aseyenze yalula impilo. Noma kunjalo-ke, zikhona izinto ezingangichazi ngendlela abantu abasenezisa ngayo amaselula abo.

Ngangivakashele umngane wami ngelinye ilanga ngoba kukhona engangidinga angisize ngakho, kodwa kwavele kwakhala iselula lakhe ngisakhuluma naye. Akazange acele ngisho uxolo, kodwa wavele waluphendula. Wakhuluma isikhathi eside nesulula lakhe kwaze kwaba sengathi usekhohliwe ukuthi kukhona umuntu abexoxa naye ngaphambi kokuba kungene ucingo futhi wangacela ukuba lo omshayele ucingo ukuba abuye amfonele uma eseqede ukukhuluma nami. Lesi senzo ngijwayele ukusibona senziwa ngabantu futhi siyangidumaza ngoba sikhombisa ukungamhloniphi umuntu osuke ukhuluma naye. Akuyona indlela enhle yokuziphatha le.

Abantu abasha bona abehlukani namaselula abo. Isikhathi esiningi ubathola bethumela ama sms noma bekhuluma nabanye abangane babo kufacebook. Noma ukhuluma nabo uthola ukuthi bayaqhubeke basebenzise amaselula abo bebe bekulalele. Lokhu sekuyinto eyamukelekile futhi abakuboni ukungahloniphi kulokhu. Ngiyathanda kakhulu ukuthi uma ngikhuluma nomuntu akhombise ukuthi unginakile ngokuba angibheke. Ukukhuluma nomuntu olokhu enza okunye kungenza ngibone ukuthi lowo muntu akanandaba nalento engiyikhuluma naye futhi angikujwayeli nje mina.

Sekujwayekile futhi ukuthi umuntu akukhohlise uma esebenzisa iselula. Uma kumele uhlangane nomuntu ngesikhathi esithize noma endaweni ethize, kuyenzeka akufonele akutshele ukuthi useseduze kodwa ebe engakasuki ekhaya. Wena uyolinda uze udele. Nalokhu angikuthandi impela ngoba isikhathi sibalulekile impela kimi. Angazi ukuthi kungani umuntu angevele akhulume iqiniso nje asho ukuthi uzofika ngemuva kwesikhathi ebenivumelene ngaso bese exolisa ngalokho kuphela nje. Omunye wabangane bami uyakuthanda kakhulu ukwenza lokhu. Uvele athi sengiseduze uma umfonela ubuza ukuthi ukuphi. Kuyenzeka kuphele imizuzu engamashumi amathu engafikile emva kokuthi esho lokhu.

Amaselula awayona inkinga kodwa yindlela abantu asebewasebenzisa ngawo eyinkinga. Kubukeka sengathi abantu kumele bakhunjuzwe noma bafundiswe ukuthi umuntu kufanele aziphathe kanjani.

© UCLES 2012

Phendula le mibuzo **ngesiZulu**.

*For Examiner's Use*

**(a)** Ngokwendaba, amaselula ayenze yalula ngani impilo?

.......................................................................................................................... [1]

**(b)** Yini ekhathaza umbhali ngamaselula?

.......................................................................................................................... [1]

**(c)** Umlobi wayelindele ukuthi umngane wakhe enze njani ngesikhathi kukhala isilelula besakhuluma? Nikeza okuthathu.

..........................................................................................................................

..........................................................................................................................

.......................................................................................................................... [3]

**(d)** Yini le eyinziwa ngabantu abasha umbhali angayijwayeli futhi kungani engakuthandi lokhu?

..........................................................................................................................

.......................................................................................................................... [2]

**(e)** **(i)** Yini ekhathaza umbhali ngabantu abashaya ucingo bathi sebeseduze.

.......................................................................................................................... [1]

**(ii)** Angafisa benzenjani?

.......................................................................................................................... [1]

**(f)** Umbhali ucabangani ngamaselula?

.......................................................................................................................... [1]

[Amamaki: 10]

**Umsebenzi 7**

For Examiner's Use

Uthishomkhulu ufuna ukuthi isikole sivulwe ngoMgqibela ekuseni futhi abafundi beze esikoleni ukuzofunda. Abafundi banemibono ehlukene ngalokhu.

**"muhle kakhulu lo mbono ngoba vele asenzi lutho ngalesi sikhathi "**

**"Lokhu kusho ukuthi kumele sivuke ekuseni ngempelasonto ukuze siye esikoleni!"**

**"Siyadinga ukuthi siphumule futhi sithole nesikhathi sokuzithokozisa nabangane bethu"**

**"kuzophazamisa izinhlelo zethu zangoMgqibelo"**

**"Kuzosisiza ukuthi sikwazi ukuzilungiselela ngokwanele ukuze siphase kahle ekugcineni"**

Bhala umbiko ozoya kuthishomkhulu lapho uveza yonke le mibono yabafundi ngokuvulwa kwesikole ngoMgqibelo.

Imibono engenhla ingakusiza ukubhala lo msebenzi, kodwa awuphoqelekile ukusebenzisa yona uma unayo eyakho.

Indaba yakho kumele ibe ngamagama angama-**200** kuya kwangama – **250** ubude.

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

..................................................................................................................................

© UCLES 2012

